


UKWEHLUKANISA

UMZIMBA WENKOSI

 Ngiyabonga, Mfowethu Sullivan. Sanibona kusihlwa, bangani. Ku . . . Hlalani phansi.

² Kumnandi ukuba lapha futhi, kulobubusuku, phansi kwaloluphahla naphakathi kwalababantu abangamaKristu abakahle. Futhi silindele uNkulunkulu, kulobubusuku, ukuba enze okwedlulele, okukhulu kakhulu, ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange. Siyazi ukuthi Unguye ngempela.

³ Bangaki enizwayo ukuthi niphilisiwe izolo ebusuku, ezinkonzweni na? O, lokho kuhle nje. Sinibheke nonke ukuba niphilisiwe kulobubusuku. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi sisenawo amakhadi omkhuleko. UBilly akawakhiphanga, ungitshelile, ngoba sithathe nje kuphela abambalwa balabo izolo ebusuku. Futhi kungahle kubekhona abanye balabobantu abazizwe ukuthi bangahle bathande ukuza bangene emgqeni womkhuleko. Noma, singahle sisebenzise abanye babo kamuvanyana, ebusuku, senzele umugqa wokubona okufihlakele. Yi . . . Yilokho oku . . .

⁴ Akusikho ukubona okufihlakele okuphilisa umuntu. Kubabeka esimweni nje sokuba babheke phezulu bese bemukela ukuphiliswa kwabo uJesus asevele ebenzele khona. Niyabo? Ukubekwa kwezandla kuyinto enhle kakhulu, ngoba kungo—kungokomBhalo. Kodwa akusiyo indlela yabeZizwe yokuthola ukuphiliswa.

⁵ Kulokhu, eBhayibhelini, kwakukhona iJuda elaline . . . Indodakazi yalo yayigula kakhulu, iya ekufeni, futhi yafa. Futhi lathi kuJesus, “Indodakazi yami ilele, iseduze kokufa, kodwa woza ubeke izandla zaKho phezulu kwayo, futhi izosinda.”

⁶ Kodwa ngenkathi umRoma, induna yekhulu, oweZizwe, ngenkathi inceku yakhe igula, wathi, “Angifanele ukuba Uze phansi kophahla lwami. Khuluma iZwi nje.” Yilokho okwajikisa inhliziyi kaJesus. Akadingekanga ukuba abeke izandla phezulu kwayo. Wayefuna nje ukuzwa iZwi.

⁷ Niyabo, ngiyayithanda leyondaba. Ngoba, lowomRoma waqonda ukuthi wayengumuntu ongunya. Futhi uma athi kumuntu “yenza *lokhu*” noma “yenza *lokho*,” wakwenza. Futhi waliqonda lelogunya elifanayo, igunya eNkosini uJesus. Ngokuba, wa—wayazi ukuthi uma ethe kumuntu owayengaphansi kwakhe, “hamba” noma “woza,” wayedingeka amhloniphe.

⁸ Futhi wayazi ukuthi konke ukugula nezifo kwakuphansi kokulawula kweNkosi uJesu, ngakho-ke Akadingekanga ukuba eze, abeke izandla phezu kwenceku. “Khuluma iZwi nje, nenceku yami izophila.”

⁹ NoJesu wamangala, Wayesethi, “Angikakutholi ukukholwa okunjalo kwaIsrayeli.”

¹⁰ Ngakho, ngethemba impela ukubona lolosuku lapho thina maMelika sizoba nalolohlobo lokukholwa. “Khuluma iZwi nje, Nkosi, nenceku yami izophila.” O, kuyoba wusuku olukhulu. Manje si . . .

¹¹ Ngezinye izikhathi uma ugcobo lusinda kakhulu, futhi ngezinye izikhathi angilitholi ithuba lokubizela ealtare. Abanye babanye abazalwane, uMfowethu Sullivan noma abanye babazalwane bami abaziwayo lapha, bazokunakekela lokho.

¹² Omunye angahle athi nje besiqhamisa ukuphilisa kukaNkulunkulu. Ukuphilisa kukaNkulunkulu kunjengokuyodoba nje. Awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku. Uvele nje uyikhombise isicupho, futhi idumela isicupho bese ithola ihhuku. Ngakho, yileyondlela okuyiyo ngokuphilisa kukaNkulunkulu. Kuyakhanga ngoba ku—kubonakalisa ngokwenza futhi kufakazise ukuthi ukhona uNkulunkulu ophilayo futhi ukukhathalele. Nongakholwayo uyakubona lokho, masinya iso lakhe likubambe futhi azi ukuthi kukhona uNkulunkulu ophilayo, bese-ke eba semgqeni wensindiso-ke. UNkulunkulu angahamba ayomlawula-ke, bese emwayindela phakathi. Ngakho, kungokwalokho-ke ukuphilisa kukaNkulunkulu, kwenziwe nje genxa yalokho.

¹³ Abafana lapha unawo amanye amateyipu, nokwezincwadi, namarekhode, kanjalo njalo, ukuthi banebhizinisi elincane elingelabo uqobo abalinakekelayo. Asi . . . Ngesingami, nginallezozincwadi kuphela, nezinye zazo ngiyazithenga. Kukhona ezinye zazo ezingezami, intshumayelo. Ezinye ziyizincwadi engizithenga kuMfowethu Lindsey, ezibizwa ngo *Mlando weMpilo Yami*. Bese—ke kubakhona eyodwa ebizwa ngokuthi *Umprofethi Uvakashela iAfrika*. Futhi—futhi ngikholwa ukuthi ezintathu noma ezine zezintshumayelo ingeyami. Banazo lapha, azisizo ezemali, ukuze nje uMlayeyo ukwazi ukuphuma.

¹⁴ Yileyo into enkulu, ukukhipha uMlayezo, ngokuba siphila ehoreni eseledlulelwe yisikhathi kunoma sicabanga. Kusekuvalweni konyaka, nebandla lisesimweni esibi kakhulu, futhi sizama kuphela ukusabalalisa ukukhanya kwelanga phakathi kwabantu. Hhayi ukuzama ukubaphendulela kwezinye zezinkolelo zethu, kodwa ukuzama ukubatholela ukuba bahlale ngokusondele kakhulu eNkosini uJesu futhi baMkholwe; hhayi ukudonsa amalunga ebandleni, aye kwelinye

ibandla; kodwa, ukuthumela amaningi amalunga kulelobandla, yinhloso yethu.

¹⁵ Manje... ngaphambi nje kokuba sivule iZwi, loMlayezo wakusihlwa, omfishane. Asifuni ukunihlalisa isikhathi eside, ngoba abaningi bavela kude phandle nedolobha, futhi nizofanele nibuyele emsebenzini. Futhi sizolinda kuze kube uMgqibelo ebusuku, bese sinihlalisa kuze kwedlule isikhathi-ke. Bese kuthi-ke, ngeSonto, anidingeki ukuba niye kuSonto sikole kuze kugamanxe elesishiyagalolunye.

Ngakho asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje, senzele izwi lomkhuleko.

¹⁶ Nkosi, siyabonga, ngaphezu komcabango, ngethuba lokuza futhi sikhothamise amakhanda ethu kuNkulunkulu ophilayo, nokwazi ukuthi sithenjisiwe, yiNdodana yaKhe engcwele, iNkosi uJesu, ukuthi singaba nakho esikucelayo, uma sicela uBaba eGameni leNkosi uJesu, iNdodana yaKhe. Futhi siqinisekisiwe ukuthi sizoba nengxoxiswano noma ingxoxiswano yokuMlalela, uma siza ngeGama likaJesu, ngokuba Uthe, “Celani kuBaba noma yini eGameni laMi, Uzokupha.”

¹⁷ Futhi siqiniseke ngokoqobo, kulobubusuku, ukuthi Uyasizwa, nokuthi esikucelayo sizophiwa khona, ngoba siyezwa ukuthi ukucela kwethu kuyintando kaNkulunkulu. Ngokuba Uthe, endaweni ethize, “Aninakho, ngoba aniceli. Futhi aniceli, ngoba anikholwa.” Nkosi, isizathu sokuba size yingoba siyakholwa. Futhi sikholwa ukuthi Uzophendula. Nenemikhuleko yethu—yethu ayisiyo nje eyokuba izwiwe ngabantu, kodwa sikholwa ukuthi Ulalele, futhi siqinisekile ukuthi Uzosiphendula ngoba Wethembise ukusiphendula. Sizocela kuphela intando yaKho ukuba yenziwe.

¹⁸ Makwenzeke, kulobubusuku, Nkosi, ukuthi sonke isoni esilapha, esingakwazi Wena njengoMsindisi wabo, kwangathi lobu kungaba ngubusuku okuzokwenziwa ngabo into ethize noma ishiwo, ukuthi bazoKwemukela njengoMsindisi wabo.

¹⁹ Kwangathi labo abangenawo uMoya oNgewele, kulobubusuku, olangazelele nolindele lelohora lapho inkwethu izowa khona emehlweni abo bese kuthi-ke isifiso senhliziyo yabo bazonikwa sona, O Nkosi, kwangathi uMoya oNgcwele, kulobubusuku, ungagwalisa yonke inhliziyo. Kwangathi kungabakhona esikhulu isibonakaliso sikaMoya kaNkulunkulu, kuze kuthi imiphefumulo yabo izoxhuxhumiswa kakhulu, kuze kuthi konke ukungabaza nezinkolozwe kuzosuswa kubo, noMoya oNgewele uzongena empilweni yabo futhi ubanamathisele ngophawu eMbusweni kaNkulunkulu.

²⁰ Yipha, kulobubusuku, Nkosi, ukuthi akuzukubabikho noyedwa umuntu ogulayo phakathi kwethu, uma inkonzo isiphelile. Kwangathi wonke umuntu angaphiliswa.

Asizukubakhohlwa labo abasezibhedlela, nabavalelwe, nabasejele, osekudingeni umusa waKho ngokujulile. Yiba nabo, O Nkosi.

²¹ Futhi lapho sesihamba, kulobubusuku, kwangathi singasho, njengabafundi, “Sibone izinto eziyinqaba namhlanje,” futhi kwangathi izinhliziyi zethu zingavutha phakathi kwethu lapho siya emakhaya ethu ehlukene.” Sethembele kuWe, Msindisi wethu, ukuba usiphe lezizinto ngokwesithembiso saKho. Nesithembiso saKho njalo siyintando yaKho. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

²² Uma nithanda ukuphenya kulobubusuku emiBhalweni engcwele, eNcwadini yokuQala kwabaseKorinte, isahluko 11, sizofunda ingxenye yomBhalo, siqale negevesi 23.

Ngokuba mina ngakwamukela eNkosini lokho nenganinika khona, ukuthi INkosi uJesu ngalobo busuku akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa:

Wabonga, wasihlephula, wathi, Thathani futhi nidle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.

Kanjalo wathabatha . . . sitsha futhi, futhi esebongile, wathi, Lesi yisitsha sesivumelwano esisha . . . ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo, ukuba ningikhumbule.

Ngokuba njalo nxa nidla isinkwa, niphuza isitsha seNkosi, nimemezela ukufa kwayo ize ifike.

Ngakho-ke lowo odla lesisinkwa, aphuze isitsha seNkosi, ngokungafanele, uyakuba necala lomzimba negazi leNkosi.

²³ Manje ngifuna ukufunda i . . . ingqikithi yami, kwelama twenty- . . . yevesi lama 29.

Ngokuba odlayo aphuze ngokungafanele, . . . uyakuba necala lomzimba weNkosi.

²⁴ Manje, lindani. Ngikufunde ngokungesikho lokho.

Ngokuba odlayo aphuze ngokungafanele, . . . engawahlukanisi umzimba weNkosi.

. . . uyoziphuzela ukulahlwa, engawahlukanisi umzimba weNkosi.

²⁵ Ngike ngakhala izinyembezi phezu kwaleliBhayibheli, futhi linezindawo esezifiphele kulo.

²⁶ “Engawahlukanisi uMzimba weNkosi.” Manje, indaba yami kulobubusuku ithi: *Ukwehlukanisa uMzimba weNkosi.*

²⁷ Manje, isiphetho sethu saPhakade asinqunywa nhlobo yilokho esikubonayo nalokho esikuzwayo, kodwa sinqunywa yilokho esikwehlukanisa esinakho kwalokho esikubonayo nesikuzwayo.

²⁸ UPawulu wayengaphikisani nabo ngokuthatha isidlo. Isenzo sabo sasilungile, kodwa ukwehlukana kwabo kwakuyiphutha. Ngokuba, ukuthatha isidlo sakusihlwa seNkosi kungumyalo weNkosi, kodwa ukusithatha ngokungafanele, ngokungahlukanisi uMzimba weNkosi, yilapho iphutha lilele khona. LamaKristu wayethatha isidlo futhi engaphili impilo. UbuKristu buyisehlakalo nokuphila. NalamaKristu wayephila nje noma yiluphi uhlobo lwempilo, enza isibonelo esingaphusile somsebenzi wawo. NoPawulu uyasho ukuthi, “Ngenxa yalokhu, abaningi bayagula futhi babuthakathaka phakathi kwenu, nabaningi balele,” okusho ukuthi bafile, “ngoba abawehlukanisanga uMzimba weNkosi.”

²⁹ Nathi esizibiza ngamaKristu, asinalungelo lokuthatha isidlo ngaphandle uma siphila ngaphezu kokusola kwezwe. Asinalungelo. Isidlo zingezalabo abaphila ngokufanele, njengesibonelo sobuKristu. Into embi ukwedlula zonke ekhona ezweni ngumuntu ukuba azame ukulingisa into ethize, futhi kunokuningi kakhulu kwalokho ezweni namhlanje.

³⁰ Akusikho kuphela ukuthi thina, kulolusuku, sinecala lobelesi obufanayo uPawulu ayebukhuzela ibandla laseKorinte, kodwa lokuzama ukwenza into ethize iNkosi eyayiyiyalile, ngaphandle kokwehlukana uMzimba weNkosi. NoMzimba weNkosi ngamakholwa.

³¹ Kodwa, namhlanje, senza izinto, singehlukanisi nayiliphi leZwi likaNkulunkulu. Sifanele sibe nokwehlukana kuyo yonke into esiyenzayo. Kufanele kukalwe ngeZwi likaNkulunkulu. Konke lokho amaKristu akwenzayo nakushoyo kufanele kukalwe ngeZwi likaNkulunkulu.

³² Namhlanje, abantu sebethe ukushintsha kancanyana impela, futhi ngezinye izikhathi babeka okuningi ukuthembela kulokho okushiwo yibandla kunalokho okushiwo yiZwi. Bayakholwa, ke, ukuthi ibandla linamalungelo angcono ukwehlukana ukunambitha kwethu kunalokho iZwi likaNkulunkulu elinakho. Isibonelo nje, njengalokhu, ibandla lingahle lithi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule.” Nabantu abaningi bayokukholwa ngoba bacabanga ukuthi ibandla lazi kakhulu ngaLo kunoMoya oNgcwele owaloba iZwi. Ngakho-ke, asinalo ikhono lokwehlukana izinto zikaNkulunkulu.

³³ UJesu wake washo, ukuthi, “Uma umuntu engazalwa ngokusha angewubone uMbuso kaNkulunkulu, noma aqonde.” Futhi ngamany’amazwi, “Ungewahlukanise uMbuso kaNkulunkulu uze uzalwe ngokusha.”

³⁴ Abantu abayofika futhi basitshela ukuthi, “Labo abemukele isehlakalo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele,” ukuthi, “bayizinhlanga.” Noma, “Bayigama elithize lokungamesabi uNkulunkulu,” uDeveli aliqhasela eBandleni, ukubabiza ngaba “gingqiki abangcwele.” Ngishumayele kulo lonke izwe,

futhi angikaze ngimbone umgingqiki ongwele namanje. Yigama uDeveli aliqhasele eBandleni likaNkulunkulu ophilayo. Ngezinye izikhathi abantu abanakho ukwehlukana okufaneleyo. Bayakwesaba Lokho.

³⁵ Anazi yini ukuthi iNkosi yethu ngokusobala ya denou- . . . yamemezelwa ngokuthi ingumuntu ohlanyayo na? AbaFarisi, ibandla eliphakeme, bathi, “LowoMuntu usangene ekhanda laKhe. Unedemoni, futhi Usangene.” Negama *sangene* lichaza ukuthi “ukuhlanya.” Futhi uma baMbiza ngokuthi “uyahlanya,” bayobabiza kakhulu kangakanani-ke labo babafundi baKhe na?

³⁶ UPawulu wathi kuAgripha, “Ngendlela abathi ingu *kweduka*, ‘ukuhlanya,’ yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wobaba bethu.” Ngijabula kakhulu kulobubusuku ukujoyina izandla kanye naye. Ngendlela ethiwa “ngubuhlanya,” ebandleni lesimanje, yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu. Babebizwa ngaba “phambene nokukholwa okuyikho,” ngoba abawehlukanisanga ngokufanele uMzimba weNkosi, okungukuthi, iBandla likaNkulunkulu ophilayo.

³⁷ NeBandla, kulobubusuku, libizwa ngokuthi “liyahlanya” ngoba abantu akanakho ukwehlukana. Uma umuntu ezelwe ngokusha, futhi uzongitshela ukuthi uzalwe ngokusha, futhi awukholwa ukuthi ukuphilisa kukaNkulunkulu kuyisithembiso sikaNkulunkulu, futhi awukholwa ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ungowabantu namhlanje, khona-ke ngizodingeka ngithi ukuzalwa kwakho kwakungokomoya ongesiwo.

³⁸ Isizathu, uMoya oNgcwele washo, ukuthi, “Lesisithembiso ngesenu nesabantwana benu, nesabo bonke okude, ngisho nalabo abaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

³⁹ Ukwemukela ngomcabango wokuhlakanipha. Abantu bathatha izwi lomuny’umuntu ngakho, futhi abanakho ukwehlukana. Abakwazi ukwehlukana phakathi kokulungile nokungalungile.

⁴⁰ Ngiyacabanga, namhlanje, ukuthi, abaningi bethu yiziqhwaga eziyizihlakaniphi; hhayi thina, kodwa eziningi iziqhwaga ezihlakaniphile. Abantu bakaNkulunkulu akakaze babe yizihlakaniphi ezinkulu. IBhayibheli lasho, ukuthi, “Abantwana bobumnyama uhlakaniphe kakhulu kulelizwe kunabantwana bokuKhanya.”

⁴¹ UNkulunkulu wafanekisa abantu baKhe nezimvu. Abasmati futhi bakhali phe. Ubagcina babe ngendlela abayiyo ukuze Akwazi ukubahola. Uma uzama ukusebenzisa ukucabanga okungokwakho kokuhlakanipha, ongabusebenzisa, ngayo leyonkathi uvalela uNkulunkulu ngaphandle ngemigoqo. “Amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu.”

Kodwa wusuku olukhulu lokuhlakanipha esiphila kulo.

42 Lapha, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, nakufunda ephephandabeni. Enhla eNew York, babene—necala. Nabashumayeli ababili abancane abazizwa beholwa yiNkosi, esikhathini esithize esedlule; abafu abancane cishe njengami, okwakul'khuni nokuthi bazi oABC babo. NeNkosi yabaholela eBowery. Futhi bathenga isakhiwo esithize, futhi lapho babeshumayela iVangeli kubazalwane babo abawile. Ifemu ethize enkulu iyafika ukuzothenga lesa. Futhi bonke bathengisa, ngaphandle kwalababashumayeli abancane. Babenesambulo ukuthi iNkosi yayifuna bahlale lapho, ngakho bayibamba impahla yabo.

43 Nezikhulu zabaletsa enkantolo. Zase zithumela zase zithola esinye seziqhwaga ezinkulu ezihlakaniphile, uMmeli Greenwall, futhi wenza labobafo abancane bazizwe benamahloni ngabo. Wabeka amazwi akhe ngokufanelekile kakhulu nangokufana nemfundo, futhi ngendlela ngangokuthi labobafo abancane abazanga ukuthi bazomphendula kanjani. Ngokuba, wayeyisiqhwaga esihlakaniphile, omunye wabameli ababedlula bonke okhona e...eNew York. Futhi babadida kakhulu abafu abancane, abazanga ukuthi kufanele bathini. Ekugcineni, wakhuluma ngokukhahla wayesethi, “Nithini ngesingani na?”

44 Nomunye wabashumayeli abancane wasukuma, wayesebamba isandla somunye, wayesethi, “Mnumzane, into kuphela esiyaziyo, ukuthi iNkosi yasitshela ukuba sithathe isakhiwo.”

45 NoMmeli Greenwall wathi, “Lapha, yeka lokho. Asifuni-Nkosi kulelicala.”

46 Cishe emavikini amabili kamuva, ibhanoyi yazama ukuhamba phansi kwebriji, futhi yaziphonsa emanzini ano ayisi. Nalapho uMmeli Greenwall, elele emanzini, ezabalaza futhi efa. Ngiyamangala ukuthi ngabe wayemfuna yini uNkulunkulu kuleyonkundla.

47 Kwakuyini indaba na? Wayengawehlukanisanga uMzimba weNkosi, ngokuba labobashumayeli abancane wayegcotshwe nguMoya oNgeweze futhi babenentando kaNkulunkulu. Asidingi ukuba yiziqhwaga ezinobuhlakani. Sidinga ukuba yizinceku ezithobekileyo zeNkosi, futhi sehlukane uMzimba waKhe. Futhi bonke ubusmati bakhe, nobungqapheli, nemfundo yakhe? Niyazi, iBhayibheli lathi, “Kungcono kuwe ukuba itshe lokugaya ngabe belilengiswe entanyeni yakho, futhi wagwiliziswa ezinjulweni zolwandle, kunokukhubekisa abagcotshiweyo baMi.” Ngicabanga ukuthi wayenenqwaba yesikhathi sokucabanga ngokubiza iNkosi enkundleni, kodwa akawehlukanisanga uMzimba weNkosi.

48 Ngezinye izikhathi ngiyamangala uma thina maMelika ayizihlakaniphi inokwehlukana okwenele ukwehlukana okulungile kokungalungile. Ikakhulukazi, izinkantolo zentsha

zifakazisa ukuthi asinakho ukwehlukana okulungile nokungalingile, kwabantwana bethu, futhi babonakala benempendulo enhle yenjulamqondo.

⁴⁹ Isibonelo nje, njengalokhu. Uma indodana iza kubaba wayo futhi igqishazela ngezinyawo zayo ezincane, futhi iklabalase futhi inikine ikhanda layo, yathi, “Baba, anginandaba ukuthi uthini. Ngifuna insimbi eshisayo.” Leyo yiMelika uqobo.

Nobaba uthi, “Kulungile, ndodana, ngizokuthengela yona.”

Ubungathi kulowobaba, “Ukwenzeleni lokho na?”

“O, ngiyayithanda.”

⁵⁰ Khumbula, baba, indodana izokhula ibe yindoda, suku lumbe, futhi iyoganwa futhi ibe nomndeni. Nkulunkulu msise lowomfazi ohlala nomfana okhuliswe kanjalo, ukuba abe nendlela yakhe ngayo yonke into ayifunayo. Akakwazi ukwehlukana okulungile kokungalingile. Lolo akusilo uthando. Lokho ukungazi uqobo. IBhayibheli liqinisele. “Yeka induku, futhi wona indodana yakho.”

⁵¹ UFanny omncane uyokhuphukela kumama, futhi uzoya emculweni wezwe irokh en rol. Umama umtshela ukuthi ngeke akwenza. “Kodwa, o, mama, unonya kimi.” Kusobala, uyamthanda uFanny, futhi uyamdedela ahambe. Uyophuma abe phakathi kwalesosigejane sezixhwanguxhwangu, nawo wonke lowombhedo; angene, futhi afingcize izindebe zakhe ezincane ezipendiwe bese ekutshela amanga, ukuthi, “Akukho okulimazayo kukho.” Nkulunkulu ihawukele indoda eyoganwa yinto enjengaleyo ibe ngumfazi. Ukwehlukana okulungile kokungalingile, asikwazi ukwehlukana okwethu uqobo.

⁵² Ngiyamangala ngezinye izikhathi uma singehlukanisa okulungile kokungalingile, okwemizimba yethu uqobo, ikakhulukazi uMzimba weNkosi. Asehlukani okulungile kokungalingile, emizimbeni yethu uqobo. Usuku nosuku, neviki neviki, inyanga nenyanga, nonyaka nonyaka, ososayense basebenza ezindlini zokucwaningela, bese beneka imibhalo emikhulukazi, nayo yonke into, nezikhangiso, futhi bewxayise abantu, “Umdlavuzi ngekathoni.” Amadoda, amaMelika ayizinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nento azofa ngalonyaka ngenxa yokubhema osikilidi, futhi nibhema niqhubekele phambili ngqo. Anikwazi ngisho ukwehlukana imizimba yethu uqobo, kungasaphathwa ukwehlukana uMoya oNgcwele naseMzimbeni weNkosi.

⁵³ Nayibona leyondatshana ngoluny’usuku, ukuthi lesayense yaveza olwayo, lonke ucwaningo lwakhe na? Wathi, “Hhayi kuphela okosikilidi, okunika umdlavuzi, kodwa unethuba elingaphezulu lamapensente angamashumi amahlanu lokuthatha noma yini enye.” Futhi niyaqhubeka ngqo nokubhema.

⁵⁴ Owesifazane wahlangana nami, esikhathini esithize esedule, ngenkathi ngigadla kulokho nje ngawo onke amandla ami. Wayengumbhemi ojwayelekile. Futhi wathi, wafaka inothi lakhe elincane ephaketheni lami, wathi, “Funda lokhu uma usufika ekhaya.”

⁵⁵ Ngathi, “Ngiyabonga. Ngizokufunda manje.” Ngase ngikukhipha ngase ngiqala ukukufunda.

⁵⁶ Wathi, “Akunasizotha ukuba umfundisi epulpiti ukuba akhulume aphikisane nokubhema. Awuhlangene ngalutho nalokho.”

⁵⁷ Ngathi, “Kungumsebenzi wami ukukhuluma ngiphikisane nanoma yini engalungile.”

⁵⁸ Nkulunkulu siza umshumayeli ongenakho ukwehlukana okulungileyo, ngokwenele, kwanoma yini engalungile; umshumayeli ongeke ahlukana isidingo sabantu bakhe, ngoMoya oNgcwele. UNkulunkulu wathi, “Lomzimba uyithempeli likaMoya oNgcwele. Uma uwona, Ngizowubhubhisa.” Sifanele sishumayeke siphikisane nakho. Inkathazo yakho ingukuthi, sinabashumayeli abaningi kakhulu abangababhemi bakasikilidi. Yileyo indaba. Futhi bayesaba ukukusho ebandleni labo, ngoba bayazi banecala, nabo.

“Ukwehlukana ngokuyikho; ukudivayida ngokuyikho.”

⁵⁹ Ugologo, uphuzo, ngani, bathi, “Kuyalimaza.” Kusosonke isibuko sethelevishini yenu, yonke indawo kuwo onke amabhodi ezaziso, ephephandabeni lenu, ngamakani amakhulu kabhiya nowesifazane osemncane othandekayo ewuphuza. Bayanikhombisa ngenkathi beqala. Babuke kamuvanyana kusukela kulokho. Bugwalisa ingqondo yabo ngesidakisi esiwuphoyizeni. Ukwanda kwabo kobuhlanya kubi kakhulu. Bubanga ukungaziphathi kahle phakathi kwabasha.

⁶⁰ Futhi ngisho namabandla, namhlanje, ashumayela futhi azejwayeza, amaningi awo, “Phuza ngokungeqisi.” Niyazi ukuthi yiqiniso lelo. Betshele abafu babo abancane ekhaya, nabazali, “Vumelani abantwana benu baphuze. Bazophuza, empeleni, ngakho nje bafundiseni ukuphuza ngokungeqisi.” IBhayibheli liyakugxeka. Akulungile. Nkulunkulu isize indoda engasenakho ukwehlukana kunalokho, noma ibandla, engakwazi ukwehlukana okulungile kokungalungile. O, wusuku olubi kakhulu esiphila kulo.

“Ukwehlukana uMzimba weNkosi.”

⁶¹ Emabandleni ethu, naphakathi kwabantu bebandla lethu namhlanje, kungamahloni kabi, indlela abesifazane bakithi abenza ngayo, nabo. Abaningi babo begqoka izingubo zokungabi nasimilo, lezozikhindi ezincane. Kunesono kabi. Inenekazi langitshela, nabaningi ungitshelile, bathi, “Billy, kungcono uyeke ukukhuluma ngalokho.” Qhabo, mnumzane.

Ngingadingeka ngishumayeze izigxobo, kodwa ngiyobe ngikhuluma iQiniso. Kunjalo. Kunjalo. YiQiniso. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Akulungile futhi kunesono.

⁶² Kukhona inenekazi elilodwa elathi kimi, lathi, “Angizigqoki izikhindi. Ngigqoka ibhulukwe leflanela.”

⁶³ Ngathi, “Lokho kubi kakhulu. IBhayibheli lathi, ‘Kuyisinengiso kuNkulunkulu, kowesifazane ukuba embathe ingubo efanele owesilisa.’” YiQiniso.

⁶⁴ Bese kuthi-ke izaba ngukuthi, “Abasazenzi izingubo ngaphandle kwalokho.” Kodwa basayenza imishini yokuthunga futhi bathengisa izimpahla.

⁶⁵ Owesifazane ozigqokisa kanjalo, uzoba necala lokuphinga, ngoSuku lokwaHlulela. Ungahle ube msulwa njengomnduze, kumyeni wakho noma isoka lakho. Kodwa uJesu wathi, “Obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye enhliziyweni yakhe vele.” Ngakho, unahle ukuba awenzanga lutho olungalungile, eqinisweni. Kodwa ngenkathi uzigqokisa kanjalo, uzethule kowesilisa; yena uzophendula ngokuphinga, nawe nguwe ofanele usolwe. Nebandla liyakuvumela lokho, lingehlukanisi uMzimba weNkosi. Into embi kangaka pho!

⁶⁶ Ukuphungula izinwele zabo. IBhayibheli lasho, ukuthi, “Owesifazane ogunda izinwele zakhe, umyeni wakhe unelungelo lokumnika isehlukaniso,” ngoba akethembekile. Washo, ukuthi, “Uhlazisa ikhanda lakhe.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Nowesilisa uyinhloko yowesifazane.” Ngiyazi lokho kumahhadlahhadla, kodwa sidinga ukwehlukana.

⁶⁷ Sidinga ukukwehlukana ngeZwi. IZwi liqinisile. Thathani iZwi. IZwi likaNkulunkulu liqinisile njalo. Ngeke sehlukana ngalokho okucatshangwa ngabantu, lokho izihlakaniphi ezisitshela khona, lokho izazi zezifo zengqondo ezisitshela khona. Sifanele sihambe ngalokho uNkulunkulu akushoyo, “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emloniyeni kaNkulunkulu.”

⁶⁸ “Engawehlukanisi uMzimba weNkosi, abaningi babuthakathaka futhi bayagula, abaningi balele, bafile, bafe ngokomoya.” Inhlupheko yokucina eyashaya iGibhithe kwakungukufa. Inhlupheko yokucina eshaya ibandla ngukufa ngokomoya. Esikudingayo namhlanje ngukuphaphama kokomoya, ukuphaphama kokomoya, ukwehlukana.

⁶⁹ Lababantu ngahle ukuba babenze lokhu, o, ngezinhloso ezinhle.

⁷⁰ Leyondoda ezansi eNingizimu, lowodokotela ngeliny’ilanga, onika leyondoda i esidi yesalfa eyayibulala. Wayenezinhloso ezinhle. Wayecabanga ukuthi wayekahle, kodwa

wayenokwehlukana okungaphusile. Akawehlukana ngamuthi wakhe.

⁷¹ Njengentombazane encane eyayihamba yehla ngomgwaqo, yase ithola ikati elincane, futhi lalimanzi te futhi selithi alibe yiqhwa ingxenyane. Yayisilingenisa, yavula umnyango ka hhavini yase ilifaka ku hhavini, ukuba lithole ukufudumala. Izinhloso zayo yayiyinhle, kodwa ukwehlukana kwayo kwakungephusile. Ngani, unga . . . Asibhekisisi, sizobhaka ikati, nathi, ngokunye ukwehlukana kokuhlakanipha kwethu.

Amakhomanisi lizotholeka phezu kwethu. Izwe lizotholeka phezu kwethu.

⁷² Amabandla ethu abhidlikile. “Amadoda azidivayida wona, ehlukana wona, engabonakali enokuKholwa,” ehlukana izinwele phezu kwezimfundiso eziyizana. Sifanele sihlangele ndawonye, ingalo nenhliziyo, futhi sikhuleke, futhi sizile ukudla, futhi sibize uNkulunkulu aze athumele uMoya oNgcwele abuye, ukuze sibe nokwehlukana kokomoya.

⁷³ Ihora selifikile ngesikhathi sokuphela manje, sisemathunzini okuFika kweNkosi, nebandla alikwazi ukwehlukana. Siphila ehoreni eseledlulelwe yisikhathi kunoma nicabanga.

⁷⁴ Ukuba uPawulu ubengavuka kwabafuleyo, kulobubusuku, eMiddletown, nikhuluma ngomlilo ovuthayo! Bebeyomfaka ejele ngaphambi kokuba kuse, njengo “hlanya noma indoda yasendle.” Leyondoda, igcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi ibona izinto zihamba ngendlela eziyiyiyo, futhi yazi ukuthi isikhathi sesiseduze, bekuyobakhona imvuselelo noma bebezoya ejele ukuzomuzwa. Kunjalo.

⁷⁵ Manje, o, uJesu wathi, neBhayibheli liyakukhuluma. “Ngezinsuku zokugcina, ngaphambi nje kokuFika kweNkosi, kuyobakhona izibonakaliso ezinkulu nezimanga ezenzekayo emhlabeni.” Futhi niyazi, ibandla life kakhulu kwisayense yezenkolo, nazo zonke izinhlobo zokufunda isikole, nokuqeqeshwa, nohlelo lwezemfundo, selize alisakwazi ukwehlukana lezozinto.

⁷⁶ Akashongo yini uJesu ebandleni ngosuku lwaKhe, “Niyakwazi ukwehlukana ngokubona ubuso besibhakabhaka, kodwa izibonakaliso zesikhathi anikwazi ukuhlukana ngokuzibona. Ngokuba ukuba beningazi Mina, beniyakulwazi usuku lwaMi?”

⁷⁷ Ihora lokukhululwa kwebandla, futhi abakwazi ukwehlukana. Kakhulu si . . . Kukhona okungalungile. Ngikhuluma ngebandla lonke, bonke abantu abazibiza ngomKristu.

⁷⁸ UNkulunkulu angaqala ukunyakaza, nezinto zokomoya zenzeka, abantu besindiswa futhi begcwaliswa ngoMoya

oNgcwele; izinkulungwane eziningi ezizibiza ngamaKristu ziyohosheka kuWo, futhi zithi, “O, Lokho! Lokho, Lokho ngabangingqiki abangcwele.” Aninakho ukwehlukana kokomoya.

⁷⁹ Ngokuba, yonke into uMoya oNgcwele oyenzayo ilotshiwe eBhayibhelini. Yahlulelani zonke izinto ngomBhalo. Sahlulela kanjalo-ke, ukubona ukuthi ngabe ukwehlukana kwethu kulungile yini.

⁸⁰ Uma iBhayibheli lathi, “UJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade,” ngiyaLikhola. Uma iBhayibheli... Uma uJesu athi, “Izinto engizenzayo Mina nani niyakuzenza,” ngiyaLikhola. Futhi uma iBhayibheli lashi, ukuthi, “UMoya oNgcwele ungowaso sonke isizukulwane, bonke abanengi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza,” Angikhola ukuthi ukuxhawulana kuthatha indawo yaWo.

⁸¹ Ngikhola ukuthi UnguMoya oNgcwele ofanayo owehla ngalesosikhathi, ubonakalisa izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo. Ufakazi obedlula bonke esinaye, ukuthi sinoMoya oNgcwele, kungenkathi umoya wethu ufakazelana neZwi.

⁸² Uma sizibiza ngamaKristu futhi sithi sigwaliswe ngoMoya, futhi sibona ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele uthululelwa phezu kwamakhola ayo yonke iminyaka, nomoya wethu uyasitshela. “Lokho okomunye unyaka,” unephutha. Kunjalo.

⁸³ Uma iBhayibheli lithi uJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade; uma umoya wethu uthe, “Qhabo, Ufile; Sewahamba,” kukhona okungalungile.

⁸⁴ UJesu wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Bhekani, Mina nginani njalo, ngisho kuze kube sekupheleni kwezwe.” Futhi uma umoya wethu uhosheka kuLokho, asinawo uMoya oNgcwele.

⁸⁵ Ngokuba, uMoya oNgcwele uzothi, “Amen,” kulo lonke iZwi Alilobayo. Manje, ulwazi lwesihlakaniphi luyokudonsa lukususe kuLo, kodwa uMoya oNgcwele uyothi, “Amen,” eZwini laKhe uQobo. Impela Uyosho.

⁸⁶ Futhi Ufuna, futhi uzingela, futhi uzama ukuthola othize Angazifaka Yena uqobo kuye. Uyakulangazelela ukukuthola.

⁸⁷ Ungacabangi ukuthi ungabuqeda amandla ububele bakhe. Ubungathini nje, inhlanzi encane, enguhhafu we intshi ubude, phandle phakathi noLwandlekazi iPasifiki, ithi, “kungcono ngiwaphuze ngokonga lamanzi; angahle angiphelele na”? Lokho nje bekungaba njengobuwula njengokucabanga ukuthi ubungake uze uqede amandla ububele bukaNkulunkulu. “Celani kuvame kakhulu ukuze kugwale izintoko zenu.” Kholwani nguNkulunkulu kunoma yini Ayethembisa. Ngeyenu.

⁸⁸ Abaprofethi beTestamente eLidala, uDanyeli nabanye, bathi, “Ngezinsuku zokugcina, ukuthi, abantu abazi uNkulunkulu wabo bayokwenza okuningi.” Leso yisithembiso.

⁸⁹ Uma isihlakaniphi sibuka ukwenziwa kokuningi, bayothi, “O, leyo yinjulamqondo. Lokho ngukufunda ingqondo. Kungukusebenza kwedemoni.”

⁹⁰ Kodwa uMoya oNgcwele uzophendula, “Amen, lelo yiQiniso,” ukwehlukana okuyikho.

⁹¹ Bakwethembisa. UJesu wakwethembisa. UJesu wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, ngisho nemikhulu kunalo niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi.”

⁹² UPawulu wethembisa, ukuthi, “Ngezinsuku zokugcina,” ngoMoya oNgcwele, ukuthi, “ibandla liyohlubuka,” izigidi zabo. “Kuyofika ukuhlubuka, ngokuba abantu bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abangazithibi, abahlebi, abangenakuthuliswa, nabazona abalungileyo,” kungesikho ukwehlukana okuyikho.

“O,” wena uthi, “lokho ngamakhomanisi.”

⁹³ Lokho ngokubizwa ngomKristu. Bhekisisani ivesi elilandelayo. “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika.” Akukho kwehlukana kokomoya.

⁹⁴ Uma unokwahlukanisa kokomoya noMoya oNgcwele uphezu kwakho, unokwehlukana kokomoya. Uthi, “Amen,” kusosonke isithembiso sikaNkulunkulu.

⁹⁵ UPawulu wathi lezozinsuku ziyobakhona. Sinakho. Kulapha. Kuphezu kwethu. Futhi siyakubuka futhi sikubone. Sikuzwa ndawo zonke.

⁹⁶ Futhi senzani na? Bekufanele kusidonsele ndawonye. IBhayibheli lathi, “Sibuthana ndawonye, nalokho kube kakhulu nxa nibona loloSuku lusondela.” Bekufanele kube yimvuselelo eyodwa emva kwenye, namakloba emililo yenkazimulo kaNkulunkulu yakhiwe kulolonke ibandla nakuyo yonke indawo. Okukhulu ukubuthana ndawonye, lapho onke amabandla, “Nganhliziyonye nakuvumelana kunye, ebuthana wona ndawonye,” futhi akhohlwe yisayense yawo yezenkolo eyenziwe ngumuntu, futhi amemeze kakhulu kuNkulunkulu efuna amandla okomoya nokwahlukanisa kokomoya. Yilelohora esilidingayo.

⁹⁷ Ngingahle ngisho lokhu, ukuthi, uJesu usipha usuku, njengoba ngike ngathinta kukho izolo ebusuku, ukwazi isikhathi sokuphela. UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Manje, ngabe umoya wakho ukwehlukana kahle lokhu, “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti”? Khumbulani, uLoti

wayengumfanekiso weMelika. Kufakazisekile. Sasiyini isono saseSodoma na? Sasiyimpendukezelo. Nalelizwe laseMelika lethu, abesifazane uzehlise bona isithunzi kakhulu ngangokuthi imithombo yemvelo yamadoda usuphendukezelwe.

⁹⁸ NgangiseLos Angeles, evikini elimbalwa eledlule, koSoMabhizinisi abangamaKristu. Ngase ngicosha elinye lamaphepha abo adumile futhi ngabona lapho omunye wabahlaziyi asho, ukuthi, “Impendukezelo nongqingili kwande kweva ngamapesente angamashumi amabili ngonyaka odlule.”

UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma.”

⁹⁹ Amaphoyisa, nababulali babantu nakho konke lokho, kuyabhebhetheka nje, ngaso sonke isikhathi, abafana abavuthukayo, behlala ndawonye njengendoda nomfazi; abesifazane behlala ngendlela efanayo. Bephendukezele izingqondo zabo, izingqondo zabo ezingcolile, ngoba abanakho ukwahlukanisa kokomoya. Konke yinkanuko nokungcola. Futhi abakwazi ukuzenelisa ngisho nomunye nomunye. Abaganwa ngisho. Bavele nje bacoshe bese bephuma, baze baphendukezelwe. UJesu wathi lokho kuyoba sezinsukwini zokugcina, futhi nakhu.

¹⁰⁰ Futhi khumbulani ukuthi ngemihla yaseSodoma. Noma yimuphi, wena mfundisi nani zitshudeni zeBhayibheli, ngikholwa ukuthi beningavumelana nalokhu. UDr. Scofield nabaningi uyavumalana, cishe impela bonke othisha, uCharles Fuller kanjalonjalo, bezifundiswa ezinkulu ezweni. Ukuthi, uAbrahama wayemele uMoya, iBandla ngokomoya. ULoti wayemele ibandla ngokwenyama, noma ngokwemvelo. Wayesezansi eSodoma, esonweni. Nokho, wayenokulunga kuye, kodwa wayexubanisa nakho.

¹⁰¹ Futhi khumbulani, kwakukhona abashumayeli ababili abahlakaniphile abehlayo ukuyoshumayela eSodoma. Abenzanga-simangaliso; kuphela bebaphuphuthekisa. Nokushunyayelwa kwesiphambano kuphuphuthekisa ongakholwa. Yilokho imihlangano emikhulu kaBilly Graham nabanye okwenzile. Kubenze baba babi kakhulu.

¹⁰² Ngenkathi uBilly Graham, emavikini ambalwa edlule, kwabhalwa phansi, nakuzwa. Ukuthi, ngenkathi ehamba eNgilandi, futhi wadingeka afake umkakhe, amkhiphe emapaki, lapho ayekade enemvuselelo enkulu, ngoba abesilisa nabesifazane babenza imikhuba yocansi khona impela endaweni evulelwe umphakathi lapho ayekade enemvuselelo khona.

¹⁰³ Ngabe kuyasiza na? Hhayi isihlakaniphi. Kuyothatha ubizo olwehlayo lolaka lukaNkulunkulu, noMlilo oNgewele ophuma eZulwini, ukuba uze ulethe umehluko ezweni, futhi ngeke kube njalo. Abantu babheke ukuba kufike into ethize enkulu, futhi nisekupheleni kwalokho osekuvele kufikile. Izibonakaliso zokugcina sinikelwe eBandleni labeZizwe. AmaJuda azoba

naLo emva kokuba iBandla selihlwithiwe. Kodwa sisekupheleni konyaka wabeZizwe.

Manje, sengivala nje, ngingasho lokhu.

¹⁰⁴ Niqaphelile ukuthi hlobo luni loMuntu olwahlala ngemuva, ukuba lukhulume neBandla lokomoya na? Wahhlala Efulathele ithende, naYe eyisihambi. Futhi wathi, “Uphi umkakho, uSara na?”

Wayesethi, “Usethendeni.”

¹⁰⁵ Wathi, “Ngizokuvakashela, Abrahama, ngokwesithembiso eNgikunika sona.” Futhi U...USara, ngaphakathi, wahleka phakathi kwakhe.

NeNgelosi yathi, “Uhlekeleni na?”

¹⁰⁶ UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Manje seniyaqonda na? Niyaqonda ukuthi kungani inkonzo enjengalena ingaya kubantu abagwele iVangeli kuphela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabona ukuthi isifike kuphi na? Ngakhuliswa ebandleni lamaBaptisti, futhi ngagcotshwa ngaba ngumshumayeli weMishinari Baptisti. Kodwa ngenkathi Into ethize ishaya inhliziyo yami, ngaba nokwahlukanisa ukuthi Lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu, futhi WaLenza labonakaliswa.

¹⁰⁷ Bangitshela, “Uzoba ngumgingqiki ongwele, Billy. Akukho-muntu oyolalela into enjengaLeyo.”

¹⁰⁸ Ngathi, “Uma uNkulunkulu eLithumele, uNkulunkulu waLethembisa eBhayibhelini laKhe, Uzoba naye umuntu ozoLilalela.” Kunjalo.

¹⁰⁹ Asehlukanise uMzimba weNkosi, sehlukanise izikhathi esiphila kuzo. Sizofa, ngokomoya, uma singakwenzi lokho. Futhi uma leli liqinisile...NoMoya oNgewele unathi, futhi sinesibonakaliso sokugcina sokuFika kweNkosi, ngaphambi nje kokufika kwaYo. Khumbulani, lokho kwakuphambi nje kokuba iSodoma lishe, amahora ambalwa nje ngaphambi kokuba lishe. Ngiyakholwa, namhlanje, abaningi... .

¹¹⁰ Nonke nezwa ukuthi uKrushchev wathini ngeliny’ilanga, kumaMelika. Nakufunda emaphepheni enu. Nasi isitatimende sakhe. Ninokwahlukanisa kwemvelo, nizokubamba lokhu. Wathi, “Uma ekhona uNkulunkulu, Uzoshanela ithempeli futhi alihlanze, ngongxiwankulu benu abangabashintshi bemali.” Niyabona ukuthi lokho kuchaza ukuthini, anikuboni na? Futhi uqinisile. Umhedeni, idemoni, umkhohlisi onjalo, ufanele aphonele phandle izinsongo.

¹¹¹ Noma kunjalo, bayalala, bayona, bayaphuza, nje benganaki, ngoba abanakho ukwahlukanisa kokomoya koMzimba weNkosi. Usuku olunje esiphila kulo!

¹¹² Mfowethu nodadewethu, kinina bathandekayo bami, angizami khona ukukhetha. Nginitshela iQiniso kuphela. Ngibophezeleke kuphela ngeBhayibheli. Futhi ngiyanitshela, uma nikhholwa kimi ukuthi ngingumprofethi waKhe noma inceku yaKhe, kholwani ukuthi nginitshela iQiniso. Ukuphela sekusondele. Ukuthi sekusondele kangakanani, angazi, futhi akekho omunye umuntu owaziyo. Kodwa ngiyazi ukuthi siphila emathunzini okuFika kwaKhe.

Aniziboni lezozinsongo na? Niyabona ukuthi zinani na.

¹¹³ Isizwe sizama ukukuphuza sikuqede, sikuhleke. Ungeke wakwenza. Bayakwenza lokho, ukuqhela ekwahlukaniseni kokomoya uNkulunkulu angabakhombisa khona, isandla esiloba odongeni. Siyazi sikhona. Ungasiqhumisa ngamahlaya, neHollywood, itelevishini, noma uhlale ekhaya futhi ungabaze ngaLokho uma ufuna.

¹¹⁴ Kodwa owesilisa ozelwe ngempela noma owesifazane onokwahlukanisa kumaMoya oNgeweze uyoyithola indawo yakhe ebandleni, ekhonza futhi ememeza, futhi enza konke lokho okusempilweni yakhe, ukuzama ukungenisa izoni. Impela. Uma kunguNkulunkulu, asivume. Ufanele ufake inhliziyi yakho kukho, uma unokwahlukanisa. Sebenza!

¹¹⁵ Ungahambi nje bese uthi, “Yebo, ngiyakukholwa Lokho. Lokho yiQiniso. Lokho kuhle. Amen,” uye ekhaya.

¹¹⁶ Hamba uyosebenza. Unokwahlukanisa. Sebenza kusenokuKhanya, ngokuba ubusuku buyeza lapho kungekho-muntu ongasebenza. Sebenza sisenomnyango ovuliweyo. Sebenza sisengaba nayo imihlangano onjengalo. Sifake abathandekayo bethu. Sibafake eVangelini. Sithole abangani bethu, omakhelwane bethu. UNkulunkulu wafela labobantu. Futhi sifanele sikhathalele ngokwenele, mayelana nabo, ukuba sisebenze izandla zethu zize zophe. Siyofika singenalutho uma singakwenzi.

¹¹⁷ Njengentombazane encane phezulu lapha eKentucky, esanda kufa maduze nje phezulu egqumeni, emuva le. Kwakukhona cishe abantwana abayisishiyagalombili. Intombazane encane eyodwa, cishe ephakathi nendawo kubo, ilapha eminyakeni eyishumi nambili ubudala. Abafowabo nodadewabo, wayevilapha kabi, babengenzi lutho. Nonina elele, ebulawa yisifo esibi kabi isifo sofuba. Nentombazane encane, yayenze ukwesula phansi, ukupheka, ukuwasha, ukunaka unina, ngenkathi bonke abanye belovile, badlala futhi baya kobhukuda.

¹¹⁸ Ekugcineni, unina wafa, kwase kuthi-ke intombazane encane yadingeka iqhubekele phambili ngoba akukho namunye owayesebenza. Futhi yasebenza yasebenza, yasebenza kwaze kwathi, ekugcineni, yangenwa yisifo esasesabeka kakhulu, isifo

sendlala, futhi ingenakho okwenele ezokudla, kanjalonjalo. Umzimba wento encane usukhandlekile. Yayifa.

119 Omunye uthisha kaSonto sikole wangena kuyo, wathi, “UngumKristu na?”

Yathi, “Yebo, nginguye.”

Wathi, “Usonta kuliphi ihlelo na?”

Yathi, “Angisonti-hlelweni.”

120 Wathi, “Manje-ke ngitshela, uzohlangana kanjani ezweni ukuthi uhlangane noJesu na? UzoMkhombisani, ukuthi usonta kuliphi ibandla na?”

Yathi, “Ngizovele nje ngiMkhombise izandla zami. Uzoqonda.”

121 Ngicabanga ukuthi yilokho Azokubuka, sonke, uma sibona imihlangano njengalona oqhubekayo lapha. Uzobuka izandla zethu bese ebona ukuthi senzeni ngaso, ukwahlukanisa kokomoya.

“Engahlukanisi uMzimba weNkosi.”

Asikhuleke.

122 Uma lezozandla bezifanele ukuba semsebenzini, futhi uyazi ukuthi bezifanele, ungeziphakamisele kuNkulunkulu futhi uMcele ukuba angcwelise lezozandla enkonzweni yaKhe, sisakhuleka na? Phakamisa isandla sakho.

123 Nkosi, buka lezozandla. Nezami, futhi, Nkosi. Ngifuna ukuza njengesosha elinesikofu. Angifuni ukuza ngize. Ngifuna ukushumayela ngize ngife. Ngifuna ukudonsa futhi nginxuse, futhi ngizile ukudla futhi ngikhuleke, ngokuba ngiyazi ukuthi amathunzi asebusuku aseyhla nehora masinya seliseduze. Nkosi, vula amehlo ami, ukuba ngibone izibonakaliso eziningi zokuFika kwaKho. Vuthisa izinhliziyi zalababantu, kulobubusuku, ngezimanga ezinkulu Owazethembisayo.

124 Uma sibona ukubikezelwa kwezwe, futhi sizwa amadoda anezono ememeza, izo “shanela ongiwankulu.” Siyaqonda ukuthi banamabhomu lapho ukukwenza ngawo; ukuba nje olunye uhlanga luyithinte iqhume. Ubambile, ngesihawu, uze Uthole iBandla laKho selilungiselele.

125 Nkosi, okulapha kulobubusuku, silungiselele. Faka izinhliziyi zethu enkonzweni. Sikhombise uBukhona baKho, ngokuba siyakholwa ukuthi Uvukile kwabafuleyo, noMoya wethu uyahlukanisa ukuthi Wena ulapha, uJesu onguyena, izolo, namuhla, naphakade. Ulapha, ngesimo sikaMoya oNgcwele, ukusebenza ngeBandla laKho, ukuphilisa nokusindisa. Sizwe, Nkosi, njengoba nginikela kuWe lababantu nami uqobo, eGameni likaJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

126 O, ngesihawu saKhe, ngobubele baKhe! Ngizizwa ngigezeke ngempela. Lokho bekusenzelisiyweni yami. Ngidingeke

ngikusho. Ngiyethemba angimlimazanga umngani wami oyiMethodisti, iBaptisti, noma iPentecostal. Uma ngimlimazile, bengingaqondile ukukulimaza. Ngifuna ukukuphaphamisa, ngithi ukukunyakazisa kancane. Sisekupheleni.

¹²⁷ “Engawahlukanisi uMzimba weNkosi; sizehlukanisa thina uqobo, singabonakali sinokuKholwa.”

¹²⁸ Uma sake sabakhona isikhathi esasinidinga nonke ngaso, sikhona manje. Niyangidinga, nami ngiyanidinga. UNkulunkulu usidinga sobabili. Asijoyine izinhliziyi zethu nemizamo ndawonye. Asingacabangi ukuthi, ngoba singamaNazaretha, iPilgrim Holiness, iKatolika, iPresbyterian, amaPentecostal, noma siyini. Asibe amaKristu. Asehlukanise uMzimba weNkosi, bese selula ingalo, ngisho nasesonini esibi kakhulu kunazo zonke, futhi sibangenise emhlambini. Lowo ngumkhuleko wami othobekileyo.

¹²⁹ LeyoNgelosi kaNkulunkulu Eyafika eSodoma, Iyafika. Ithenjisiwe. Khumbulani, leyoNgelosi efanayo yafika. Noma ubani uyazi ukuthi Leyo kwakunguNkulunkulu. Kwakungesiwo lowomzimba, ngoba umzimba wawuluthuli.

¹³⁰ Ngakukhuluma lokho komunye, esikhathini esingeside esedlule, ukuthi, “Lowo kwakunguNkulunkulu,” ngasho.

¹³¹ Wathi, umfundisi, wathi, “O, manje, Mfowethu Branham, awukholwa ukuthi leyoNdoda yayinguNkulunkulu?”

¹³² Ngathi, “YayinguNkulunkulu. UAbrahama wathi Yayinguye. WaYibiza ngo, ‘Elohim.’ Lowo nguNkulunkulu uSomandla. Yena; neziNgelosi ezimbili.”

Wathi, “Awu, ubucabanga ukuthi Waphila emzimbeni?”

Ngathi, “Lokho kulula kabi.”

¹³³ Senziwe ngemisuka eyishumi nesithupha; isakhazimba ipetroliyamu, ikosmik layithi, nekalsiyamu, ipotashi, kanjalonjalo. UNkulunkulu wavele nje Waziqoqela okuncane okungagcwala isandla, wayesethi, “He;” wathi, “ngena lapho, Gabriyeli. He; ngena lapho, Mikayeli.” WaYeseziphefumulela owaKhe uqobo. Wathi, “Ngizwile iSodoma selizovuthwa. Asehle sibone. Asehle, thina uqobo. UAbrahama kade eshumayela, nabanye kade eshumayela. Asambeni sizibonele thina.”

¹³⁴ Futhi bafika kuphi na? KwabaKhethiweyo. Lo wahlala ngemuva, wakhuluma kuAbrahama, noAbrahama waMbiza ngo, “Elohim.” Bhekisisa lowo N omkhulu futhi ubone ukuthi akunjalo yini. INkosi uNkulunkulu uJehova wayesemzimbeni wenyama.

¹³⁵ Aniqondi nje ukuthi uyini uNkulunkulu. UNkulunkulu angavele nje, “He.” Ngiyajabula ngiyamazi lowoNkulunkulu. Ngolunye lwalezizinsuku angiyikuba lutho kodwa mhlawumbe imilotha yentabamlilo, kodwa Uyokhuluma futhi ngiyobuye ngiphile futhi. UnguNkulunkulu.

¹³⁶ Umkami wathi, esikhathini esingeside esedlule, wathi, “Billy, usucishe ube nempandla.”

Ngathi, “Angikalahlekelwa nawolulodwa lwazo.”

Wathi, “Zikuphi na?”

¹³⁷ Ngathi, “Ngitshele ukuthi zazikuphi ngaphambi kokuba ngibe nazo, ngizokutshela ukuthi zingilindele kuphi ukuba ngifike.”

¹³⁸ Kuqinisile. “Akukho nalunye unwele lwekhanda lenu oluyobhubha.” UNkulunkulu waseZulwini, [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Olawula zonke izinto, uzothi, “William Branham,” noma kanjalonjalo, “phuma,” futhi ngiyophuma ngifana naYe. Haleluya!

¹³⁹ LowoNkulunkulu ofanayo, ngoMoya oNgcwele, uhlala phakathi kwethu, kulobubusuku, enkazimulweni yaseShekina, ezifakazela Yena ngezibonakaliso ezifanayo zokwemvelo Azenza.

¹⁴⁰ Uma umvini uthela amagreypsi namhlanje, uyothela amagreypsi kusasa. Uma kungumvini wamagreypsi, uyohlala njalo unamagreypsi. Asisoze sangena phansi kwesihlakaniphi. Sizofanele singene ngoMoya oNgcwele, ngoba yilohlobo kuphela loMoya iBandla likaMoya oNgcwele oluluthelayo; izithelo zikaMoya, ukuPhila kukaKristu kukithi.

¹⁴¹ LeyoNgelosi efanayo ilapha, ufakazi phambi kokubhujiswa kweSodoma neGomora, iye ekubhujisweni.

¹⁴² Manje ake sibone. Bangaki onamakhadi omkhuleko na? Phakamisa isandla sakho. Kukhona abangamashumi amane noma amashumi amahlanu. Bangaki abangenawo amakhadi omkhuleko na? Phakamisa isandla sakho. Awu, baningi ngokuphindwe kathathu. Kulungile.

Ngizwa ngiholeleka ukuba ngenze into ethize.

¹⁴³ Asithathe nje labo ongenawo amakhadi omkhuleko. Akuthi labo abanamakhadi omkhuleko, mhlawumbe. . . Awu, bangangena, nabo. Kodwa kulokhu ukwahlukanisa, sifuna nje labo abangenawo amakhadi omkhuleko. Phakamisani izandla zenu futhi, labo ogulayo nongenalo ikhadi lomkhuleko, ukuze ngithole umqondo ukuthi ningobani. Kulungile.

Nanka amanqamu.

¹⁴⁴ Niyakholwa ukuthi nginitshele iQiniso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ukuthi ninokwahlukanisa kokomoya, ukwazi ukuthi KuyiQiniso na? [“Amen.”] Asidingeki ukuba senyukele lapha.

¹⁴⁵ Angisuye umphilisi. Ngingumuntu. Ngingumfowenu. UKristu ungumphilisi wenu, uma nje ningaMqonda ukuthi ulapha.

146 Manje, uma sekuza ekuniphiliseni, ukuba Ubemi lapha egqoke lesudu, Ubengeke aniphilise, ngoba Usevele ukwenzile. Ubengafakazisa kuphela ukuthi UbenguKristu. Benizokwazi kanjani na? Ngesithelo sikaMoya, niyaMazi. Nhloboni yokuphila Ayenzayo na?

147 Wenzani ngenkathi Elapha, ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya na? Ngenkathi ekhonjiswa, uPetru, noJohane, noma uPetru noNatanayeli, nabo, ngokubatshele ukuthi babengobani, ukuthi bavelaphi, leso kwakuyisibonakaliso saKhe kumaJuda. Lokho kwakunguvalwa konyaka wawo.

148 Kwakukhona esinye isigaba sabantu siMbhekile ukuba afike, lawo kwakungamaSamariya, okuyiJuda uhhafu noweZizwe uhhafu. Watshela owesifazane emthonjeni ngezono zakhe, futhi wakuqonda ukuthi yisibonakaliso sikaMesiya. Wathi, “Siyazi ukuthi uMesiya uyositshela lezizinto, kodwa Wena ungubani na?”

Wathi, “NginguYe.”

149 Manje, Akayanga kwabeZizwe (Waya na?), ngokuba abeZizwe babengaMbhekile.

150 Futhi bangaki okholwayo ukuthi uNkulunkulu ungongenasiphelo na? Impela, Ungongenasiphelo. Manje-ke Angeke asho into eyodwa noma enze into eyodwa *lapha*, bese enza into ethize *ngapha*, futhi abe ngonobulungiswa. Ufanele enze into efanayo. Uma Enesu elingcono, khona-ke Ufanele ngabe ulenze endaweni yokuqala; uma uNkulunkulu ebizelwa noma yini enkundleni, nokwahlulela Akwenza lapho.

151 Uma isoni esisodwa sake sakhala kuNkulunkulu, noNkulunkulu wasindisa kokufanele sibongwe ngakho ekukholweni kwaso, Uzofanele asindise isoni esilandelayo, nesoni esilandelayo, nesoni esilandelayo. Uzofanele akwenze ngesikhathi esifanayo, kungenjalo Wenza ngokungalingile ngenkathi Esindisa isoni sokuqala.

152 Ufanele enze into efanayo ngokuphilisa. Usevele uwuqedile lowomsebenzi. Into kuphela, ukuthi, wena ufanele ukuqonde lokho. Akasiyo insumansumane. Akasuye unkulunkulu othize womlando. UnguNkulunkulu, okhona, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade,” khona manje. Niyakholwa ukuthi Ulapha na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ningakwehlukana na?

Ngifuna ukufulathela lezizethameli. Ngizokhuleka.

153 UMoya oNgwele uzokufakazisa engikushilo kulobubusuku, ukuvalwa kwaloMlayezo, ukuthi izibonakaliso ezifanayo uJesu athi zanikwa kwiSodoma ziyonikelwa kulesisizukulwane. “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Manje-ke niyehlukanisa ukuthi Moya muni olapha.

154 Bekungubani, futhi, ogulayo futhi engenalo ikhadi lomkhuleko na? Sifuna ukuthola amakhadi omkhuleko. Sizobakhulekela bonke.

155 Manje, ngeke nganitshela ukuthi ubani owubani. UNkulunkulu uyazi. Kuqala, ngifuna ukuthola othize nje uMoya oNgewele o... Ngamunye wenu, manje qalani nje ukukhuleka futhi nithi, “Nkosi, ngihawukele manje futhi ungisize.” Futhi nibone ukuthi Uzokwenza yini njengoba Ethembisa ukuthi Uyokwenza.

Ngibheke nje isibonakaliso saKhe.

156 Bangaki owaziyo ukuthi uJesu, namhlanje, uyiNsika yoMlilo eyalandela abantwana bakwaIsrayeli na? “Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu.” Ngabe yilokho Akusho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi ngenkathi uPawulu ehlangana naYe esendleleni eya eDamaseku, Wayeyini na? UkuKhanya okukhulu, iNsika yoMlilo. Unguye Lowo namhlanje, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu. Umzimba kaJesu Kristu uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, esiHlalweni saKhe sobukhosi eZulwini; kodwa uMoya waKhe ulapha emhlabeni, eqedela futhi eqeda umsebenzi waKhe.

157 NalowoMoya ofanayo owawuhlala emzimbeni kaJesu Kristu, wawunguMoya ofanayo owawukuleyoNgelosi efika eSodoma naseGomora. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yena Lowo owalandela abantwana bakwaIsrayeli; uNkulunkulu ofanayo.

158 UJesu wathi, “NgiyileloDwala elalisehlane. Oyihlo badla imana, futhi bafile. NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu, siphuma eZulwini. NgiyilesiSinkwa. NgiyileloDwala.”

159 “Ngani, Uthi Ubone uAbrahama, futhi Awukabi neminyaka engamashumi amahlanu ubudala.”

160 Wathi, “Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA.” Wayengubani uNGIKHONA na? Lokho kuKhanya okuvuthayo okwakusesihlahleni, okwakhuluma kuMose.

161 UnguJesu ofanayo kulobubusuku. Leyo yinkulumombiko. Ayisiyo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngikuphosela inselele lokho, ngiphosela inselele noma yiliphi ikholwa ukuba likukholwe.

162 Lelinenekazi elincane elihlezi lapho, into encane emhlophe esigqokweni salo. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Uyagula na? Siyizihambi omunye nomunye na? UNkulunkulu usazi sobabili. Kukhona ukuKhanya phezu kowesifazane, uma ningaKubona kushaya indingilizi phezu kwakhe. Ubekhuleka. Kunjalo na? Qhabo, awunalo ithuba lokwenyukela lapha, kodwa ubekhuleka. Ngoba, ngiyabona. Ngezansi nje kwalokho yithunzi elimnyama. Ngukufa. Owesifazane usibekelwe wukufa.

Unomdlavuzana. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa na? Umdlavuzana webele. Futhi ngibona udokotela ewubuka, futhi ukutshela ukuthi uzozama ukuhlinza. Futhi wenyukele ukuhlinzwa. Futhi ngikubona uhamba usuka emsamo, noma enye into ethize. Ungumshumayeli, umshumayeli wesifazane. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Akushilo, bekunjalo na? Yima ngezinyawo zakho uma lokho kunjalo.

163 Manje uyakholwa na? I dis- . . . Ungehlukhanisa ukuthi lowo nguJesu ofanayo owathinta . . . Owesifazane athinta ingubo yaKhe, hhayi mina; Yena. Angimazi owesifazane. Akangazi. UNkulunkulu usazi sobabili. UNkulunkulu akubusise, dade.

164 Ngibona inenekazi embonweni. Liyakhuleka. Lingowesifazane osemncane, lihlezi khona *lapha*. Kukhona okuthize ngengane. I, lifuna . . . Qhabo, lona, kade linengane. Qhabo, ngukuphuphunyelwa yisisu. Kade kuyilokho, ingane efile. LingelaseKentucky. Igama lalo nguMartin. Ukuphi, Nkk. Martin na? Ya, ogqoke ingubo ephuzi. Yiqiniso lelo. Yilo, nenekazi na? Yima ngezinyawo zakho uma lokho kunjalo. Angimazi owesifazane. Kodwa uNkulunkulu uyamazi, futhi nango. Alibusiswe iGama leNkosi uNkulunkulu.

165 Khona emva kwakhe kuhlezi inenekazi. Linomopho. Linenkathazo kulo ngakwesokudla, owesifazane othe ukuba qatha ogqoke ingubo ebukeya imnyama. Unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Awunalo na? Awulidingi. Uyakholwa ukuthi ubunokukholwa kokuthinta Into ethize na? Awuzange uthinte mina. Uthinte Yena. Kulungile. Manje-ke phakamisa isandla sakho neduku lakho likuso, bese wemukela ukuphiliswa kwakho. Hamba uye ekhaya futhi usinde, eGameni likaJesu Kristu.

166 Buka lapha. Nakho kuhlezi inenekazi elincane emuva lapha ligqoke ingubo enezikoshi ezincane. Likhothamise ikhanda lalo. Likhulekela uyise. Uphethwe yisibindi. Uyakholwa ukuthi iNkosi izomphilisa, dade na? Uyakukholwa na? Khona-ke ungaba nakho.

167 Nenekazi, ubunomusa omkhulu kabi kulo, ukulitshela ukuthi bekuyilo. Isizathu sokuba usho lokho, ngoba uMoya oNgcwele uhambe phezu kwakho ngqo, nawe. Kunjalo. Unalo ikhadi lomkhuleko? Awunalo? Awulidingi. Ukhulekela umama. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Futhi ucabanga ngokumletha ebandleni kusasa ebusuku. [“Yebo.”] Kunjalo. Awudingekile ukuba ukwenze. Beka izandla zakho phezu kwakhe bese ubiza iGama leNkosi uJesu. Uzosinda, uma uzokukholwa.

168 Ngikuphosela inselele ukukholwa kwenu. Ubani omunye ongenalo ikhadi lomkhuleko futhi ofuna ukukholwa na?

169 Wena, ohlezi lapha ngaphambili, uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Umprofethi yisithunyuwa

onyakeni. Uyakholwa ukuthi nginoMlayezo kaNkulunkulu na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uyakwenza na? Angikwazi. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma uNkulunkulu ezongitshela izinkathazo zakho, ungakwemukela njengokuphiliswa kwakho, ukholwe ukuthi ngokwaKhe na? Ungehlukana-ke, lokho na? Uma umoya wakho ungaMthinta manje ngisakhuluma kuwe, khona-ke uzokwemukela ukuphiliswa kwakho. Uzokwemukela na? Yisifuba sakho, inyama enesibazi. Futhi ngaphandle kwalokho, ungumshumayeli. Kunjalo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Mkhholwe uNkulunkulu.

Ngizofulathela ngomhlane wami.

¹⁷⁰ Khulekani, nibone ukuthi Useyiyo iNgelosi efanayo, nibone ukuthi nguNkulunkulu ofanayo owethembisa, ngenkathi Efulathele ithende. Khulekani, abanye benu, ukuthi iNkosi uNkulunkulu, Owathumela iNgelosi yaKhe, futhi wafakazisa ukuthi iSodoma yayise . . . Ukuphela kwase kuseduze.

¹⁷¹ O Nkosi Nkulunkulu, thumela iNgelosi yaKho, kulobubusuku, bese unikeza ukwahlukanisa okufanayo, ngoba yisithembiso seNdodana yaKho. Futhi makube njalo.

¹⁷² Owesifazane umi phambi kwami, futhi uphethwe yisishiso sekhandla. Ungemuva ngaku *le* ndawo, ngokuba ngiyakuzwa ukudonsa kwakhe, ukukholwa kwakhe. Igama lakhe nguNkosazana. Wiley.

¹⁷³ Ukuphi na? Ake sibone. Emuva phakathi *lapha* ndawondawo. Noma ngabe inenekazi . . . Lapho, bekuyiqiniso lokho, nenekazi na? Kulungile. Hamba uye ekhaya futhi usinde.

Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Bonke abanye benu khulekani, ndawondawo.

Makwazeke, O Nkosi, Wena unguNkulunkulu.

¹⁷⁴ Kukhona owesifazane omi phambi kwami, okhulekayo emuva kwizethameli, futhi unezifo ezelakanyanayo. Ugqoke ingubo eyisikoshi esibomvu nesimhlophe. Igama lakhe nguNkk. Lake.

¹⁷⁵ Ukuphi, Nkk. Lake na? Yima ngezinyawo zakho, noma yikuphi. UNkulunkulu akubusise. Hamba uye ekhaya futhi usinde. Ukukholwa kwakho kukusindisile.

¹⁷⁶ Lowo nguJesu ofanayo. YiNgelosi efanayo. Ninakho ukwehlukana na? Yahlukanisani uMzimba weNkosi. Niyakholwa ukuthi nginitshela iQiniso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uKristu unikeza ubufakazi bakho na? [“Amen.”] Uma nikukholwa lokho, phakamisani izandla zenu.

¹⁷⁷ Bangaki abakhulwayo abaphakathi lapha, bazoxhawulana ngezandla *kanje* na? Khona-ke, ngikholweni, njengomprofethi kaNkulunkulu. Ningangabazi, nakancu. Thathani lezozandla enizivayizisayo ngakuNkulunkulu, bese uzibeka komunye

oseceleni kwakho, futhi nizobona inkazimulo kaNkulunkulu. Yilokho kuphela Angakwenza. Ningawehlukanisa uMzimba kaNkulunkulu na? Ningahlukanisa ukuthi uMoya waKhe ulapha na? “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhohwayo: uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.”

¹⁷⁸ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Mnikazi wokuPhila okuphakade, yenza uSathane adedele lonke ikholwa eliphakathi lapha. Babeke izandla zabo phezu komunye nomunye, futhi bangamakholwa. Banokukholwa kuNkulunkulu, futhi bayakholwa ukuthi Uzokwenza. O Nkosi, amaZwi aKho angehluleke, kanjalo nezithembiso zaKho zingeke. Nezithembiso zaKho sasingukuthi, “Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.”

¹⁷⁹ Manje, Sathane, wena demoni elingcolile lengcindezelo, elishaye lababantu labalahla phansi othulini, ngiyakuyala ngeGama likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, ukuba ubadedele. Phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu.

¹⁸⁰ Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bese nikhuleka umkhuleko wokukholwa. Futhi uma nizwa uMoya kaNkulunkulu, Wahlukaniseni, ukuthi uyisithembiso sikaNkulunkulu kini.

¹⁸¹ Wonke ongezwa ukuthi amandla kaNkulunkulu ahamba phakathi kuwe, yima ngezinyawo zakho bese wemukela ukuphiliswa kwakho. Ngiyaniyala, eGameni likaJesu Kristu, nonke nina makholwa, ukuba nisukume ngezinyawo zenu futhi nemukele uJesu njengomphilisi oqondene nani. Yenyukani, nina enikulezizihlalo ezinamasondo, imibhede eyizinhlaka, noma ngabe kukuphi. Sukumani. Mkhohweni uNkulunkulu. EGameni leNkosi uJesu Kristu, philiswani.

¹⁸² Bayasukuma, baphuma emibhedeni eyizinhlaka nezihlalo ezinamasondo, nakho konke.

Kulungile, Mfowethu Sullivan.



UKWEHLUKANISA UMZIMBA WENKOSI ZUL59-0812
(Discerning The Body Of The Lord)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngoAgasti 12, 1959, eMiami Valley Chatauqua Campgrounds eChatauqua, eOhio, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 2006 ngabe:

ZULU

©2006 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org